NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-3 | Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU A UKUFUNDA NOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Izalukazi namakhehla abangafuni ukuguga.

1.2 "Ngizogeza ngishintshe nje ngiyaphi ngoba angiyi ndawo nje"/ "mina sengimxhilibana nje futhi sengihleka **ngezikhunkwana zamazinyo**."

1.3 Bakhuthazwa ngokuthi ngoba bona basebasha, basaqonywa futhi basaqoma kuhle bajwayelane namanzi/ basathanda ukubukwa yilabo ababafunayo noma abafisa ukuthandana nabo kuhle bageze.

1.4 1.4.1 La mazwi anomthelela wokugqamisa ingikithi yokuguga okusho ukuthi iminyaka isiya ngasekupheleni/izinsuku zokuphila seziyancipha ngakho abantu abakwamukele ukuthi sebegugile.

1.4.2 La mazwi anomthelela ekugqamiseni ingqikithi yokubaluleka kokungabalekeli ukugeza kuvikwa ngokuguga nobuvila.

1.5 Kusuke kuvimbanise iphunga elibi lakhe lokungcola lenza kunuke kwasanani endlini.

1.6 Ogogo nomkhulu abavume ukwamukela iminyaka yabo yobudala ihambisane naleyo eshiwo ngamapasi abo bangenzi izinto ezenziwa ngabasha okungumyalezo ogqamile odluliswa yile ndaba.

1.7 1.7.1 Leli gama elithi, 'umxhilibana' lisho ukushwabana kwesikhumba nokulenga kwezinyama okugqamisa isithombe esicacile sokuguga kakhulu.

1.7.2 La magama athi. 'izikhunkwana zamazinyo' asho amazinyo angasaphelele, kwezinye izindawo asemafishane nje okungubufakazi bokuguga kakhulu.

1.8 Amathambo asuke esezikhulumela wona lapho esenqaba ukwenza izinto umuntu ayezenza kalula esemusha, ala noma umnikazi womzimba eqhubeka nokwenza lokhu angabe esakhona/esakwazi.

Umnikazi akawalaleli noma engasavumi ngoba wesaba ukuvuma ukuthi usegugile.

1.9 Ngokubona kwami, laba bantu banelungelo lokuzikhethela abakufunayo, phela kuguga othandayo, uma impilo isabavumela, kubi ukusheshe uvumele ukuguga kuphendule idixa elingazithandi./ Ngibona kukubi ukungavumi ukuguga ngoba akubukeki ukuthi umuntu esemdala elokhu enza izinto ezenziwa ngabantu abasebasha kuba sengathi ubangisana nabo.

1.10 La mazwi agqamisa imizwa yokuthi akakuthandi ngempela ukukhilima kwabantu abangafuni ukwamukela ibala labo futhi akasiboni isidingo sakho ngoba kuwukuzihlukumeza lokhu sikubona uma ebabhuqa ebahleka usulu ethi, balibele ukuzishisa izikhumba ngokhilimu./ Uphinde athi batshelwe ngubani ukuthi bahle uma bezishisa belahla ibala labo.

1.11 Umlobi wendaba ngibona ezama ukugqamisa imiyalezo emibili kule ndaba, okungayo unethemba lokuthi izokwenza umehluko endleleni abantu ababuka ngayo ukuguga okuyilena: Ukuguga kubonakala ngezimpawu ezigamile emzimbeni womuntu okwenza angabe esakwazi ukwenza izinto ayevame ukuzenza ebusheni bakhe nokuthi nokubukeka kwakhe akube kusafana kuba noshintso umuntu okudingeka ukuba alwemukele, ngokungazinyezi.

UMBUZO 2

2.1 Bafunda ibanga lokugcina ngoba izincwadi zabo zibhalwe uGrade 12 okuyibanga lokugcina esikoleni.

2.2 Le nkulumo iveza ukungazethembi nokungabi nesiqiniseko sempumelelo, lokhu kunomthelela ekuletheni ungabazane lokushela intombi.

2.3 Yiqiniso ngoba ukwazi ukushiya izincwadi zodwa ajahe iphathi namantombazane kepha ebe ezobhala ukuhlolwa ngakusasa/ futhi akacelanga kuyise ukuba aye ephathini, uyazenzela nje ngendlela athanda ngayo, ucela ngoba esebanjiwe.

Amanga ngoba asazi noma ubesazoya kuyise ayocela emuva kokuzilungisa ngebhadi uyise usheshe wambona engakezi kuye ngendlela ancenga ngayo uyise ikhombisa ukuthi uyingane ewulalelayo umthetho wasekhaya, nangu ethembisa nokuthi ngeke amphoxe uyise.

2.4 Akusiwo umbono omuhle ngoba kungenzeka baphuze utshwala bangabe besakwazi ukulungela ukubhala ngakusasa/ kungenzeka bahluleke ukuvuka ngesikhathi ngenxa yokungalali nokukhathala/ kungabakhipha nya emqondweni wokubhala bagxile kwezobumnandi/ abanye bangavelelwa nayizingozi ezimbi ezingagcina ziphazamisa izivivinyo zabo.

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 3

USakhile Hlongwane owayehlala ezitaladweni edla izidakamizwa ululeka abadla izidakamizwa ngokubaluleka kokuzazi abayikho nabakufunayo okungaba nomthelela omuhle oshintshweni lwabo empilweni. Wehluleka ukuthola uxhaso lwe-NSFAS oluxhasa abafundi wayeka ukufunda eNyuvesi yaKwaZulu Natali enza izifundo ze-Dramatic Arts. Esekhaya washomana nabangani ababi badla izidakamizwa, behlupha emphakathini. Wabalekela emgwaqeni wahlala izinyanga ezimbili ependa adayise, nabantu bethenga kwaya bangabe besathenga. Umngani wamluleka ukuba apende isithombe sikaMnu Themba Njilo weThemba Njilo Foundation wathola amathuba okuxhaswa. Wabuyela ekhaya eqhubeka nokupendela emahhovisi akwaNjilo. Unesifiso sokuqhubeka nephupho leminyaka eyisikhombisa enyuvesi.

Amagama angama-80

Uzomakwa kanje:

Amaphuzu = 5

Amagama: amagama wakhe umfundi = 2

awacaphune endabeni = 1

Inani lamagama = 2

ISIQEPHU C IZINKONDLO

ENGAFUNDWANGA EKILASINI

UMBUZO 4

4.1 4.1.1 La mazwi anikeza umqondo wokujula kwemfihlo yothando imbongi ethi ingaphansi emathunjini lapho kungefinyelele muntu khona.

4.1.2 La mazwi aveza umqondo wokuthi uthando lwafika masinyane nayo imbongi ingazelele yazithola isihanguka ngamalangabi othando lwentombi.

4.2 Imizwa yembongi equkethwe esitanzeni sesibili, yimizwa yothando olujulile. Ngendlela ajabule ngayo ejabulela lolu thando uze afikelwe yizinyembezi zenjabulo, kuthi akamane abhale incwadi yothando aneke uthando lwakhe olujulile.

4.3 4.3.1 Isiphethu yilapho kuqhuma amanzi phansi emhlabathini. Imvamisa ziba phezulu ezintabeni. Kwesinye isikhathi kuqaleka nemifula. Lokhu kudlulisa umyalezo othi uthando lwabo lwaqala kancane, luvela lapho kungazi muntu, lwamane lwavela.

4.3.2 Umthombo wona yilapho isiphethu sesimbiwa sandiswa ukuze kube namanzi amaningi angakhiwa ngabantu nezilwane ziphuze kuwo. Lokhu kudlulisa umyalezo wokuthi lolu thando olwaqala luluncane bona sebelukhulisile lwanda, akuselula ukuba luphele ngoba lunamandla kakhulu.

4.4 Isigqi sale nkondlo siyashesha kakhulu ngoba ekugcineni azikho izimpawu zokuloba, iyageleza nje. Sikhulise umqondo wokushesha kothando lwalaba ababili oluvutha ubuhanguhangu, lungevinjwe lutho futhi lungepheliswe yilutho.

IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI

UMBUZO 5

5.1 Uhlobo lotshani obukhula ehlanzeni obuvame ukuhlaba busebuncane. Buhambelana nokushiwo enkondlweni ngokuthi abantu abasha okukhulunywa ngabo bakhuthazwa ukuba benze imisebenzi ebonakalayo besakhula balingise imithente.

5.2 Imbongi isebenzise impindwa ethi, 'milani mithente yengabadi' ngempumelelo ukuze igcizelele umyalezo ewuqondise kulaba bantu abasha okukhulunywa ngabo ukuthi bazimisele benze izinto ezibonakalayo besakhula/ kwenze ukuba le mpindwa ithwale umyalezo ocacile futhi ozwakale kahle kuzo zonke izitanza.

5.3 La mazwi asize ngokuthi aveze isithombe esisobala ngezinga lobudala balaba okukhulunywa ngabo, okungabantu abasha nokuthi kumele benze imisebenzi ebonakalayo bangalindi baze babe badala.

5.4 Imbongi isebenzise isingathekiso esitanzeni sesithathu ukugcizelela umqondo wokuthi laba bantu abasha okukhulunywa ngabo bayikho konke okudingwa yisizwe (ningamafa), kuthenjelwe kubo futhi isizwe siyoqhubeka noma siyoma siqine ngenxa yabo. (Niyimigogodla, niyisisekelo, niyizinsika) ngoba wonke lama gama asho ukuphasa/ ukuqinisa/ ukumisa into.

Imbongi iphinde yasebenzisa isifaniso ukugcizelela/ ukudlulisa/ ukulolonga umqondo ocacile wokuthi uma ebuka ukwenza kwemithente njengoba kuthiwa ihlaba isamila, nabo njengayo imithente kuhle benze okufanayo ngokwenza imisebenzi emihle ethuthukisa isizwe beyintsha.

5.5 Imbongi isebenzise imvumelwano siqalo, maphakathi nesigcino ngoba ibifuna inkondlo ibe nesigqi esithile esenza umgqumo othi awufane, mhlawumbe ukuze kugqugquzeleke abantu abasha uma befunda le nkondlo bakhuthazeke/ kuvuke ugqozi lokufuna ukwenza imisebenzi ebonakalayo besebancane bangalindi baze babe badala.

UMBUZO 6

6.1 Ukushayela umuntu ihlombe usuke umbongela entweni enhle ayenzile, umjabulela futhi umfisela okuhle. Kuyamjabulisa lowo oshayelwa lelo hlombe/ kumkhuthaze ukuba enze kangcono/ kumenza angayeki ukwenza okuhle njalo ngoba uyabona intokozo abantu abanayo ngaye.

6.2 Ukukleza kusho ukusengela ubisi lwenkomo bukhoma emlonyeni. Lokhu kusinika umqondo wokuthi uncele ulwazi bukhoma eNyuvesi wafunda wagogoda ulwazi olungapheli.

6.3 Imihla eyibuphekupheku kusho ukubheka phezulu kwezinto/ kunokuphithizela kwezinto/ kuya le kuya le/ izinto zimapeketwane/ kunobuyaluyalu bezinkinga nempilo eshintshashintshayo njalo/ eguquguqukayo ngezikhathi zonke iletha ubunzima empilweni.

6.4 I-okzimoroni siyithola emgqeni we-10 nowe-11, **'Libalele liguqubele', 'lina licwebile'**. Yethula isithombe sokuthi lona oshayelwa ihlombe wayebekezela futhi esebenza kanzima isimo siphika noma sivuma/ sisibi noma sisihle. Wayengapheli amandla.

6.5 Ifanamsindo okuthiwa yifanangwaqa, kulekelele ngokuthi kulethe isigqi esinomgqumo nomsindo ofanayo okwenza ukuthi inkondlo izwakale kamnandi endlebeni yalowo olalele alandele nokwethulwa yileyo misindo.

ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 7

7.1 7.1.1 Awukangizaleli abantwana.

7.1.2 Le nkulumo iqukethe imizwa yokwemukela isimo nokweneliseka ngothando lwabo olungashodi ngalutho inqobo uma bethandana bona.

7.1.3 Ukuhlekwa kukaGumede ngamanye amadoda kuthunaza isithunzi kanye nobudoda bakhe njengoba bekholelwa ekutheni uma engenabantwana akandoda yalutho. Lokhu kunomthelela ekushintsheni kobudlelwane phakathi kwakhe nomkakhe njengoba esefuna ukuthatha isithembu ukuze athole abantwana futhi kumenza angabe esakwazi ukubekezelela umkakhe.

7.1.4 Amazwi kaGumede aveza ukuchema ngoba akanandaba nemizwa kaMaSibeko ukuthi naye uzwa ubuhlungu njengoba engatholi abantwana./ Ufuna isixazululo esizojabulisa yena yedwa, ukhohlwa ukuthi ukaMaseko sizomlimaza kakhulu./ Akanabo ubufakazi bokuthi ukungabi nabantwana kudalwa nguMaSibeko okungenzeka ukuthi inkinga ingakuye.

7.1.5 UGumede unombono othi ukuthatha isithembu kuyisixazululo uma umfazi wokuqala engabatholi abantwana./ UMaSibeko unombono wokuthi ukuhlolwa ngudokotela yisixazululo ngoba bazokwazi ukuthi okunguye ongazali kwabashadile ngubani.

7.2 7.2.1 UNomusa **uqome** insizwa yakwaGumede, uSiyanda.
Umuntu omusha uvuka ekuseni **ahlanze** indlu.

7.2.2 Lesi sakhi u'el-' sinikeza umqondo wokwenzela utho okuthile.
Kanti isakhi u'w' sona sinikeza umqondo wokwenziwa kwento.

7.2.3 Ubuhle buthandwa kakhulu ngabantu yize budla izizumbulu zemali./ Ubuhle budla izizumbulu zemali yize buthandwa ngabantu./ Ubuhle buthandwa kakhulu ngabantu yingakho budla izizumbulu zemali.

7.2.4 Lo musho ungumyalezo ocacile ohlose ukuvusa abantu ngokumele bakwenze ukuze bangazitholi besenkingeni yokugajwa yizikweletu ngokungenasidingo.

7.2.5 Undebembili 'b' uguquke waba ngulwangeni 'tsh', inguquko ibizwa **ngokulwangisa**.

7.2.6 (a) Umkhonto
(b) Ukuzilimaza wena uqobo lwakho ngesandla sakho

UMBUZO 8

8.1 Inhloso yalesi sikhangiso ngukuheha abantu ukuba bathenge iphephandaba *Ilanga* ngokufaka umncintiswano kulo.

8.2 Zigqamisa lokho okubalulekile esikhangisweni, lokho kwenza amehlo anamathele kukho/ Ukugqamisa umyalezo ocacile ngalokho okukhangiswayo.

8.3 Ukusetshenziswa kwezinhlamvu zamagama ezincane nezinkulu kuheha abafunda isikhangiso kuphinde kugqamise nomyalezo obalulekile./ Ukusebenzisa imibala ehehayo kwenza nokude agcine esenamathele kuso isikhangiso afunde okubhalwe kuso./ Ukusebenzisa ulumi oluhehayo kwenza umyalezo ugqame futhi uhehe.

8.4 Ukusetshenziswa kwegama lenkampani okuyiyo ekhangisayo, *Ilanga Iphephandaba Lesizwe.*/ Ukusetshenziswa kwabaxhasi abaziwayo 'uSpar'.

UMBUZO 9

U**N**ontokozo uzalwa nguMa**S**ibiya, ufunda esikoleni eMandlezizwe **H**igh School

endaweni yaseBulwer.Yize akhulelwa esafunda ibanga lesi**-**8, unina wamphindisela esikoleni. Abantu babemsola ngokubuyisela ingane esikoleni yize imphoxile.

Wayebaphendula ngokuthi ufuna afunde ukuze akwazi ukondla **le ngane**, ngakho**-**ke

akumele ijeze ngecala likanina. Wezwakala uKaMajola, bezixoxela esitobhini ethi**,**

"Impela sazalwa nabanye, siyoguga nabanye MaZiqubu.**"** "Yini kwenzenjani,

wakhuluma kanjalo**?**" **K**ubuza uMaZiqubu emangele.

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2020